



Abaqophi BakwaZisize Abakhanyayo Children's Radio project

Isicelo sendodakazi / A step-daughter's plea ***Nonjabuliso, 12 years old, 2009***

- SFX: Wheel being pushed in the dirt.
- Nonjabuliso: Sawubona.
Hello.
- Mlungisi: Yebo.
Hello.
- Nonjabuliso: Ngubani igama lakho?
What is your name?
- Mlungisi: Ngingu Mlungisi
I am Mlungisi.
- Nonjabuliso: Yini othanda ukuyidlala?
What do you like playing with?
- Mlungisi: Ngithanda ukudlala isondo
I like playing with a wheel.
- Nonjabuliso: Isondo lani?
What kind of wheel?
- Mlungisi: Lemoto.
A car's wheel.
- Nonjabuliso: Igama lami ngingu Nonjabuliso. Mina ngiyintombazana ngihlala eNtabayengwe. Ngihlala nomamncane nezingane sikamamncane ezimbili. Mina ngibukeka ngimuhle kodwa hhayi kakhulu ngimfushane ngiyisidudla kancane kodwa sengizacile. Mina ngazalwa ngo 97. Ngina 12 weminyaka.
- Masengimdala ngifuna ukuba isecurity. Mina ekhaya ngingowesi 4 umama nezingane eziwu 7. Mina ngazalelwa eSwazini ngabuya ngozohlala nagogo, Ugogo ashonile washona ngo 2005. Umama wamyeka ubaba wasuka lapho

umama wathola omunye ubaba. Sasesuyahamba sayohlala kumama. Umama wase uthi sihambe siyohlala nomamncane ekhaya.

Manje siyahamba sesiyongena ekhaya siyoqopha layikhaya. Ngabona inkhukhu nabantu babhaka izitini nosisi uyaqhamuka.

My name is Nonjabuliso. I am a girl and I live at Ntabayengwe with my aunt and her two young children. I'm pretty but not that pretty; I am short and fat but have recently lost some weight. I was born in 1997 and I am 12 years old.

When I grow up I would like to be a security guard. I was the fourth: my mom has seven children. I was born in Swaziland and then came back [to South Africa] to stay with my grandmother who died in 2005. My mother left my father and after that she got another husband. Then we went to live with Mom. Mom then told us to go to stay with her younger sister at her home.

Now we are going into our homestead where I will record; I can see chickens and people making blocks and my sister coming towards us.

SFX: Sound of people making cement blocks.

Nonjabuliso: Kungani mina ngihleli nomamncane?
Why am I living with my aunt?

Mama: Wena uhleli nomamncane wakho ngokuthi umamncane wakho ezakhe ezingane zisezincane ngabona ukuthi kungcono niwele niyohlala nomamncane wenu ngani ngoba laphane kukagogo wenu. Futhi ngabuka ukuthi mina lapha langihleli khona ngelinye ilanga yebo unikhonzile baba wenu impela, ngelinye ilanga ngiyoshona mina ashone lobaba wenu, ubaba wenu unezingane naye azizele kwabanye uthole sezibanibandlulula lezingane anisenayo indawo yokuhlala ngabona ukuthi kungcono nihlale kumamncane wenu.

You are staying with your aunt because she has young children and I thought it was important that you go and live with her [to help her look after them] and because that's your [maternal] grandmother's home. I also thought that if you stayed at your stepfather's place - though he likes you - one day I will die and he will die too and he has other children who may discriminate against you; that's why I sent you to stay with your aunt.

SFX: Barking dog

Nonjabuliso: Impilo yami engiphilayo nje ngiphila kabi nje ngiyanyanya kodwa ngoba senfingene kuma radio project sengizoba kahle; inhliziyo yami seyozohlambuluka ngingahlali nginyanyile.

Akukho okunye ongathanda ukungitshela khona nje mayelana nempilo?

The life I live is not good: I often get angry but since joining the radio project life is getting better. My heart is able to offload; I won't stay angry.

Is there anything you would like to tell me about life?

Mama: Ngicela unake impilo yakho uziphathe kahle ufunde uqede isikola uze nawe uthole ukuzisebenzela ngoba uma ungakaqedi isikola kwenzeke mina ngizohamba emhlabeni ungenalo likusasa lakho ikusiphillisa. Kumanje nemisebenzi itholakala ngemfundo.

Please be careful with your life. Take care of yourself and finish school so that you will be able to work, because without an education you will not have a future after I die. These days you get jobs only if you have an education.

Nonjabuliso: Mina ngithi kubantu abadala: obaba uma bathole umfazi anezingane zakhe kumele angazilahli izingane avele athi yena akazifuni lengane ngoba

asizalwa nguye. Kumele azithathe manithathe nje umama kanye nezingane zakhe.

Bye bye bekumnandi ukuba nani ohlelweni lwabaqophi namanje futhi kusazoba mnandi.

My message to adults is: if a man finds a woman who has her own children, the woman should not abandon her children and the man should not say he doesn't want the children because they are not his; he should accept the children along with their mother.

Bye bye, it was nice to be with you in this Abaqophi programme until now. And it will keep on being good.



For further information contact:

Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Web: www.childrensradioproject.ci.org.za